# Vuk'uzenzele

JOBS INSIDE:

Produced by Government Communications (GCIS) | isiZulu/English | February 2017 Edition 1


# Education for all





**The State of the Nation Address**

Page 4



**Bicycles for KZN learners**

Page 5

**GOVERNMENT** is working to ensure that learners who are social grant beneficiaries have access to higher education.

Noluthando Motswai

The Department of Social Development, in partnership with the National Student Financial Aid Scheme (NSFAS), is making sure that children who receive social grants are able to further their studies at institutions of higher learning.

As part of the partnership ,social grant beneficiaries would not be double means tested for financial eligibility.

"This policy-reforming initiative is in its infancy but it allows academically eligible social grant beneficiaries not to be double means tested for financial eligibility. A special outreach project was initiated in October 2016, which was aimed at reaching a large number of poor and vulnerable children in Grade 12 eligible to apply for NSFAS funding for the 2017 academic year," said Social Development Minister Bathabile Dlamini.

Minister Dlamini explained that as a way of providing comprehensive and integrated services for social grant beneficiaries, her department, the Department of Basic Education and the South African Social Security Agency signed a Protocol Agreement.

"The current Protocol Agreement was extended to include NSFAS to ensure that poor children have access to financial assistance to either study at universities or Technical and Vocational Education and Training (TVET) colleges."

At the heart of this initiative is tracking and reporting on the investment government is making to improve the quality of lives of children through linking of administrative data systems.

"This is made possible by

> Cont. page 5

**Grant beneficiaries in numbers:**

1. 188 758 matric learners were social grant beneficiaries.
2. 112 409 social grant beneficiaries who wrote matric were female and live in Gauteng and KwaZulu-Natal
3. 41 percent received a Bachelor's pass.
4. Every month, more than 12 million children receive social grants
5. Every month R11 billion worth of social grants are distributed to poor South Africans


ALSO AVAILABLE ON:

ANDROID APP ON Google play

Available on the iPhone App Store

@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy





# Abenzi befenisha asebemnkantsh'ubomvu bathola uxhaso

**Zithini Dlamini**

Ngemva kokuqhuba ibhizinisi iminyaka engaphezu kwengama-20, uTimothy Nhlengethwa wacishe waphonsa ithawula entweni ayithandayo lapho ibhizinisi lakhe lingasayenzi inzuzo.

Kwathi lapho eye emhlanganweni woHlelo Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya (i-CRDP) eMkhondo lapho engusihlalo khona wemifelandawonye yendawo, uNhlengethwa wezwa ngosizo olunikezwa nguMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba emabhizinisini asemakhaya olwalungasiza ibhizinisi lakhe.

Wabuzisisa futhi ekugcineni wahambisa isicelo sakhe egameni le-One-goal Multiservice, esavunywa ngowezi-2014.



UTimothy Nhlengethwa (ongakwesokudla) noBongani Mhlongo sebeneminyaka engaphezu kwama-20 besebhizinisini yokwenza ifenisha.

Ngegatsha Lezamabhizinisi Asemakhaya Nokuthuthukiswa Kwezimboni (i-RE-ID), umnyango wathenga ifenisha, imishini nezingubo zokuvikela uthengela lo mfelandawonye.

Lo mfelandawonye wakhiwe amalungu amahlanu kuhlanganise noNhlengethwa, ongusihlalo, abantu abasha abathathu nabadala ababili.

Lo mfelandawonye usebenzela endaweni oyiqashe kuMasipala Wendawo waseMkhondo. Imikhiqizo yawo ihlanganisa ikhabethe lamashalofu okufaka izimpahla zokugqoka, amakhabethe asekhishini nawasemakamelweni kanye namakhabethe okufaka amafayela nawokukhangisa izimpahla.

IPhini likaSihlalo womfelandawonye uBongani Mhlongo lathi banethemba lokuthi bazolikhulisa leli bhizinisi futhi bahehe amakhasimende amaningi. "Sidinga nendawo yokukhangisa lapho ... singakhangisa khona ngemikhiqizo yethu," kusho uMhlongo. Indawo abasebenzela kuyo okwamanje ayinkulu ngokwanele ukuba bakhangise kuyo kodwa banethemba lokuthi ukufuna kwabo indawo enkulu kuzoba nemiphumela uma ibhizinisi likhula. V

***UZithini Dlamini usebenzela uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba eMpumalanga.***

---

# Imifelandawonye yasezindaweni zasemakhaya yenza izigidi

## UXHASO LUKAHULUMENI lufukula abalimi baseMpumalanga Kapa.

**Siya Miti**



Abalimi basezindaweni zasemakhaya eMpumalanga Kapa bavuna izinzuzo zomhlaba ngoxhaso oluvela kuhulumeni. PICTURE: ECRDA

Abalimi baseMpumalanga Kapa manje babambe iqhaza kuchungechunge lomsebenzi wokulungiswa kwemikhiqizo yezolimo, ngenxa yoxhaso oluvela kuhulumeni.

NgoNdasa 2016, uNgqongqoshe waseMpumalanga Kapa Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba, uMlibo Qoboshiyane wethula imikhiqizo yommbila enezintshicilelo ekhiqizwa imifelandawonye yaseMqanduli eyisithupha ezitolo zasendaweni.

Ngokokuqala ngqa, abalimi bakwazi ukuthengisa impuphu yabo nesitambu esitolo esikhulu e-King Williams Town. Umkhiqizo wabo utholakala ngamasaka angu-10.5kg, 12.5kg nangu-40kg.

Ngalokhu kwaphinde kwethulwa nemifelandawonye yezindawo zasemakhaya evela eSikhungweni seMqanduli Sokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Asemakhaya (i-RED) njengabalimi abathengisayo nabakhiqizi bokudla.

ISikhungo saseMqanduli se-RED esixhaswe uhulumeni, esesiphethe unyaka wesithathu, sinethuba lokwenza imali senzele abalimi ababalelwa ema-300 abasiqhubayo, kusho ummeleli weZikhungo zaseMqanduli ze-RED uSithembile Zibi ongummeli oqeqeshiwe.

> **"Uma unikezwa indlu mahhala, lima umhlaba ukuze udle bese uthengisa okusele"**

"Lolu hlelo lweSikhungo se-RED luthatha imikhiqizo yethu ngeketanga lokuthengisa ize ifike emakethe futhi selushintshe izimpilo zethu. Sikhuluma nje izingane zethu ziqashiwe zishayela ogandaganda noma zisebenza emshinini wokugaya lapho ziqeqeshwa khona," kusho uZibi.

UNgqongqosho Wesifundazwe uQoboshiyane wakhuthaza imiphakathi ukuba isebenzise umhlaba ukuze ukhiqize.

"Kumelwe siqonde ukuthi manje siyingxenye yebhizinisi elibalulekile. Uma singakhiqizi, ukudla kuzobiza kakhulu. Uma unikezwa indlu mahhala, lima umhlaba ukuze udle bese uthengisa okusele.

Ethula imiphumela yonyaka yamuva, yeNhlangano Yokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya YaseMpumalanga Kapa (i-ECRDA), umphathi omkhulu (i-CEO) we-ECRDA uThozamile Gwanya wathi inhlangano yokuthuthukiswa kwezolimo esifundazweni yayivume imali-mboleko eyizigidi zamarandi eziyi-14.8 eya kosomabhizinisi basezindaweni zasemakhaya ngonyaka wezimali wezi-2015/16.

"Ngaphandle kosizo lwemali-mboleko olwenzelwa ukukhiqizwa kommbila eSikhungweni saseMqanduli naseNcora se-RED, kukhona namaqembu abalimi abalimela ukudla, okwathi ngenxa yomhlaba wabo omncane, bakhuthazwa ukuba bafake isicelo ngamaqembu ukuze bafanelekele ukuthola imali-mboleko yokukhiqiza," kuchaza uGwanya. V

# Uhlelo lokuthuthukisa imboni yezokuvakasha eNyakatho Ntshonalanga


**AMABHIZINISI AMANCANE** embonini yezokuvakasha e-Pilanesberg, eNyakatho Ntshonalanga, azozuza ohlelweni lokufukula amabhizinisi olusanda kusungulwa.

UMnyango Wezokuvakasha uqalise uHlelo Lokuthuthukisa Amabhizinisi Ezokuvakasha oluzosekela amabhizinisi amancane.

"Lolu hlelo luzogxila emabhizinisini asafufusa (ama-SMME) ezikhungweni zokuvakasha ezikhethiwe. Ama-SMME kumelwe abe ngaphansi kwenhlangano yezokuvakasha yendawo futhi abe asebenzayo.

> "Njengabanikazi bebhizinisi lezokuvakasha, siyaludinga ngempela lolu hlobo lokusekelwa ukuze sikhulise amabhizinisi ethu"

"Ayikho imfuneko yokubamba iqhaza emayelana nemali eyenziwa ama-SMME kodwa incazelo engokomthetho yalokho i-SMME eyikho ngokuvumela noMthetho Wokuthuthukiswa Kwamabhizinisi Amancane iyocatshangelwa lapho kuhlolwa ukufaneleka kokuba afakwe ohlelweni lokufukulwa," kusho uNgqongqoshe Wezokuvakasha u-Derek Hanekom ngesikhathi kuqaliswa lolu hlelo.



Inkosi uNyalala Pilane wesizwe saBakgatla ba Kgafela (kwesobunxele), uNgqongqoshe Wezokuvakasha uDerek Hanekom noNgqongqoshe Wezokuvakasha Esifundazweni saseNyakatho Ntshonalanga uDesbo Mohono ngesikhathi kwethulwa uHlelo Lokuthuthukisa Amabhizinisi Ezokuvakasha.

Wathi impumelelo yohlelo lokufukulwa kwamabhizinisi incike ekubandakanyekeni komphakathi.

"Impumelelo yezinhlelo zethu incike kubaholi abanohlonze kanye nasemphakathini osimeme nozimisele futhi olambele impumelelo. Loko kulambela impumelelo kuyokwakhela abantu bethu amathuba."

Ekhuluma egameni lamabhizinisi angama-50 afukulwayo, uSihlalo weBojanala Tour Operators Association, u-Lester Ntsabo wathi lolu hlelo luzoqinisekisa ukukhula okusimeme emabhizinisini abo.

"Njengabanikazi bamabhizinisi ezokuvakasha, siyaludinga ngempela lolu hlobo lokusekelwa ukuze sikhulise amabhizinisi ethu. Ezokuvakasha zingenye yezimboni ezinethonya kakhulu ezisetshenziselwa ukuqhuba umnotho wethu futhi kubalulekile ukuba amabhizinisi ezokuvakasha athuthukiswe ngamakhono futhi asekelwe uhulumeni," kusho uNtsabo.

Omunye owahamba emazwini kaNtsabo uZinzi Lekoalo onendlu yezivakashi, i-*guesthouse*, eMogwase. Waqala ibhizinisi lakhe ngowezi-2011, enamagumbi amane kuphela. Namuhla indlu yakhe yezivakashi isikhulile futhi inamagumbi angama-25, indlu yokubambela imihlangano, isikhungo sezingqungquthela, indawo yokuphuza nendawo yokudlela.

Wathi unethemba lokuthi lolu hlelo luzosiza amabhizinisi ezokuvakasha ase-Pilanesburg.

"Silindele okukhulu kakhulu ikakhulukazi kulabo abangathanda ukukhulisa amabhizinisi abo. Bayosikhombisa indlela efanele."

Lo mnyango uyosiza amabhizinisi angama-50 akwazi ukufinyelela ezimakethe ezengeziwe, acathuliswe futhi asizwe ngokulawula izimali.

Lolu hlelo lokufukulwa kwamabhizinisi luzoqaliswa naseMpumalanga. V

# Ukusuka ekubeni unogada kuye ekubeni umqashi

**INDABA KA- ELLIOT MAROBELA** ibonisa ukuthi kudingeka ukuzikhandla nokuzimisela ukuze umuntu aphumelele.

**Cathy Grosvener**

UMarobela useyazinza eduze kwendawo azalelwa kuyo, ngenxa yobambiswano phakathi kwamabhizinisi azimele nohulumeni(i-PPP) olwenzeke noMasipala waseThaba Chweu.

UMarobela, owazalelwa eMatibidi, ebangeni eliqhele ngamakhilomitha angama-50 eGraskop, ungumphathi we-Graskop Holiday Resort, eqashe abantu abangama-26. Ukuzikhandla nokubekezela yikho okwenza wathola impumelelo ephawulekayo naphezu kokuba engowasemakhaya futhi ayengenamfundo etheni.

Waqala ukusebenza engunogada e-Overvaal Oorde. Ngokuhamba kwesikhathi, lesi sikhundla samvumela ukuba asize ngomsebenzi wokubamba izingcingo ebusuku. Iminyaka emihlanu wayesebenza futhi efunda, enza i-*Diploma in Office Administration* e-Damelin, kuyilapho enza itoho lokubamba izingcingo lapho ethole ikhefu emsebenzini wokuba unogada. Ngemva kwesikhashana waqashwa ngokugcwele ekutheni abambe izingcingo futhi kungakabiphi, waba umphathi wabahlanza amakamelo okulala e-Warmbaths.




U-Elliot Marobela umnikazi we-Graskop Holiday Resort unamaphupho amakhulu ngale ndawo.

Ngaphansi kokuqondisa kwakhe, abasebenzi abahlanza izindlu bathola amabhonasi amabili ngalowo nyaka, kusho uMarobela.

Ngokuhambisana nezimo zaseNingizimu Afrika ezishintshayo, i-Overvaal Oorde yashintsha yaba i-Aventura (namuhla i-Forever Resorts) futhi uMarobela wazuza ohlelweni lokufunda usebenza olwakhishwa yi-*Hospitality Industry Training Board* okwamenza wasebenza ezindaweni zokuvakasha eziningi zale nkampani.

Wasebenza futhi wakhushulelwa ezikhundleni eziphezulu kule nkampani futhi wathola iziqu zokuphatha ihhotela. Ngowezi-2008, wanikezwa isikhundla sokuphatha indawo yezivakashi encane neyayikhungethwe yizinkinga e-White River futhi wanikwa umsebenzi wokuthi avuselele lendawo yezivakashi ayibusele esimweni sayo saphambilini.

Ngemva kweminyaka engama-22 esembonini yezokungenisa izivakashi, uMarobela wanquma ukuyishiya i-Forever Resorts. Wenza umsebenzi wokufunela ezinye izindawo zokungenisa izivakashi amakhasimende futhi wabe esethatha indlu yezivakashi nesitolo sokudla e-Sabie.

Kwase kuthi ngowezi-2013, wezwa ukuthi uMasipala waseThaba Chweu ufuna umuntu wasendaweni onolwazi olunzulu ozongena ku-PPP ukuze avuselele i-Graskop Holiday Resort eyaka yadl'ubhedu, okwase kuyisikhathi eside ingasebenzi.

I-Sre and Jre Investments and Trading (Pty) Ltd kaMarobela yadl'umhlanganiso futhi yakhethwa mhla zingama-24 Mfumfu 2013. Ukusayinwa kwenkontileka yeminyaka eyi-15 kwenzeka esikhathini esingunyaka kamuva, ngowezi-2014.

Nakuba uMarobela engakwazanga ukuthola uxhaso lukahulumeni, uphezu kwezingxoxo neNkampani Yokuthuthukiswa Kwezimboni (i-IDC).

Le ndawo yezivakashi, eyavula ngoMbasa 2015, inamagumbi avuselelwe kabusha angama-26, kanye nezinye izindlu ezingamaqhugwane eziyi-12 ezakhiwayo. Inanendawo yokupaka omahamba-nendlwana esiyela emaphethelweni.

Le ndawo yezivakashi – esonqenqemeni lwewa, futhi okwazi ukuya edolobheni ngezinyawo uma usuka kuyo futhi kuyibanga elingaqhelile kakhulu uma uhamba ngemoto uya ezindaweni eziyinhloko zokuheha izivakashi eMpumalanga – ngokushesha nje izokalwa futhi uMarobela uthemba ukuthi izonikezwa izinkanyezi ezintathu. V